UJosefa, Inkosana YaseGibhithe

iSABATHA EMINI

Funda Lokhu Kuleliviki: *Gen. 41:37–46; 1 Amakhosi 3:12; Genesis 42; Rom. 5:7–11; Genesis 43; Genesis 44, Genesis 45.*

Indimana Yenkumbulo: **"Wathi uFaro kuJosefa: 'Bheka, sengikubeke phezu kwezwe lonke laseGibithe'"** *(Genesis 41:41, NKJV)***.**

UJosefa manje ungumholi waseGibhithe, futhi Abafowabo bazokhothama phambi kwakhe bengazi ukuthi ungubani *(Genesisi 42)*. Abafowabo bakaJosefa babezozithoba ngenkathi uJosefa ebaphoqa ukuba babuye no-Benjamin *(Genesisi 43)*, futhi—lapho ukuphepha kuka-Benjamin, besaba ukuthi, kusengozini *(Genesisi 44)*—bazoncengela umusa phambi kwalendoda enamandla, abayibuka "njengoFaro." Ekugcineni, lapho uJosefa ezembula ukuthi ungubani, bazoqonda ukuthi, ngaphandle kwalokho ababekwenzile, uNkulunkulu waveza ubuhle kukho konke.

Ngokuthathekisayo, zonke izigameko ezilandelayo, okumele ngabe zimayelana nokuchuma kukaJosefa, zimayelana kakhulu nokuphenduka kwabafowabo. Ukuya bebuya phakathi kukaJosefa nobaba wabo, izingqinamba abanqwamana nazo, zabenza bakhumbula izenzo zabo zenkohlakalo ngakuJosefa nobaba wabo. Abafowabo bakaJosefa baphila onke lawo mava njengesahlulelo sezulu. Kepha Isiphetho esinomunyu, esiletha kubo bonke izinyembezi kanye nenjabulo, siqukethe umbiko wentethelelo kubo, nakuba benze bonke lobu bubi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNhlangulana 18.*

Ukuba Namandla KukaJosefa

KuJosefa, amaphupho kaFaro embula lokho uNkulunkulu “ayezokwenza” *(Gen. 41:28, NKJV)* ezweni. UJosefa, nokho, akabizeli uFaro ukuba akholwe kuNkulunkulu wakhe. Kunalokho, impendulo kaJosefa esheshayo ngeyokwenza. UJosefa uphakamisa uhlelo lwezomnotho. Ngokuthathekisayo, wuhlangothi lwezomnotho kuphela kwinkulumo kaJosefa oluthathwa nguFaro, obonakala ethathekile kakhulu kwisifundo sezomnotho kunalesi sezikamoya sencazelo lephupho kanye nendima kaNkulunkulu kulo.

Funda: uGenesisi 41:37-57. Iyiphi indawo kaNkulunkulu empumelelweni kaJosefa na?

_____

_____

_____

UFaro uqoka uJosefa ukuba alawule hhayi ngoba ehumushe iphuphu kahle, futhi wembula inkinga Ezayo ezweni, kepha ngoba wayenesisombululo saleyonkinga, ngoba “iseluleko sakhe sasisihle” *(Gen. 41:37, NKJV)*, umbono owawuvunywa nayizinceku zikaFaro. Ukukhetha kukaFaro kubukeka sengathi kwakuphatheka ngaphezu kokuqhutshwa yinkolo. Kepha, uFaro uyavuma ubukhona “bukaMoya kaNkulunkulu” *(Gen. 41:38)* kuJosefa, ofanelekile njengo “bonayo futhi ehlakaniphile *(Gen. 41:39)*, isisho siphawula ukuhlakanipha uNkulunkulu akunikezayo *(buka uGen. 41:33; qhathanisa no 1 Amakhosi 3:12)*.

Yonke imininingwane ebikwe eBhaybhelini ihambisana nesimo Somlando waseGibhithi ngalesosikhathi. Kwezepolitiki, ukuthi uFaro ubeka uJosefa njengesikhulu esiphezulu kwakuvamile eGibhithe, lapho izihambi zazikwazi ukuba yizikhulu eziphezulu khona.

Iminyaka elandelayo eyisikhombisa iba yinala ngendlela yokuthi ukukhiqizwa kukakolo “akunakubalwa” *(Gen. 41:49, NKJV)*, uphawu lokungenelela kwamandla ezulu. Ukuqhathanisa “njengesihlabathi solwandle” *(Gen. 41:49)* kwembula ukuthi lokhu yisibusiso sikaNkulunkulu *(Gen. 22:17)*. UJosefa ngokwakhe ubonakalisa lesosibusiso ekuqhameni kwakhe, ukuqondana okufakazela ubukhona bukaNkulunkulu ofanayo kulezizigameko zombili. UJosefa uba namadodana amabili omagama awo eveza amava kaJosefa okuhlinzeka kukaNkulunkulu, oguqule inkumbulo yobuhlungu yaba yinjabulo (Manasseh) futhi nokuhlupheka kwami kwangaphambilini kwabe ngukuqhama (Ephraim). Yisibonelo esinamandla sendlela uNkulunkulu aguqula okubi wakwenza kwaba ngokuhle kakhulu.

Yiziphi izndlela abanye okumele babona ngazo, ngohlobo lwempilo esiyiphilayo, iqiniso likaNkulunkulu wethu na?

_____

UJosefa Unqwamana Nabafowabo

Funda: uGenesisi 42. Yini eyayenzeka lapha, futhi ikwembula kanjani ukuhola kukaNkulunkulu, nakuba kunobubi besintu nokona emphakathini na?

_____

_____

Indlala iphoqa uJakobe ukuba athumele amadodana akhe eGibhithe ukuyothenga ukolo. Ngokuthathekisayo, nguJakobe osungula lokho *(Gen. 42:1)*. Lelikhehla elineshwa, isisulu sezimo ezingaphezu kokulawulwa yilo, ngokungazi liqala uhlu lwezigameko ezizoholela lona ekuhlanganeni nendodana yalo eseliyizilele isikhathi eside.

Ukuholwa kwalomhlangano kugqamiswa ngezimpawu ezimbili esiyisisekelo. Okokuqala, ubonakala njengokugcwaliseka kwamaphupho kaJosefa. Isigameko sabikezelwa emaphupheni kaJosefa esiprofetho: " 'izithungu zenu . . . zasikhothamela isithungu sami' " *(Gen. 37:7, NKJV)*—manje kuyenzeka. UJosefa uvezwa "njengombusi wezwe" *(Gen. 42:6)* and "the lord of the land" *(Gen. 42:30, 33)*. Isikhundla sikaJosefa esinamandla siqhathaniswa nesabafowabo abasweleyo, aba "mkhothamela ngobuso phansi" *(Gen. 42:6, NKJV)*—bona Abafowabo abayishumi ababehlekisa ngaye ngephupho lakhe futhi bengabaza kufezeka kwalo (*Gen. 37:8)*.

Okwesibili, lomhlangano uchazwa njengempendulo. ukwenanela kwezolimi kanye nendikimba phakathi kwezigameko zombili kugqamisa isimo sokwehlwaywa okufanele. Isisho esithi "bathi omunye komunye: *(Gen. 42:21, NKJV)* sasetshenziswa futhi ngenkathi bebopha uzungu ngoJosefa *(Gen. 37:19)*. Ukuhlala kwabafowabo ejele *(Gen. 42:17)* kwenanela ukuhlala KukaJosefa ejele *(Gen. 40:3, 4)*. Empeleni, Abafowabo bakaJosefa bahlanganisa lokho okwenzeka kubona manje nalokho abakwenza kumfowabo eminyakeni engu-20 edlule. "Base bethi omunye komunye: 'Impela sitholile icala ngomfowethu, njengokuba sabona usizi lwenhliziyo yakhe, esincenga, kasamlalela; ngalokho lolu sizi selufike phezu kwethu'" *(Gen. 42:21, NKJV)*.

Amazwi ka-Reuben " 'seliyabizwa igazi lakhe' " *(Gen. 42:22, NKJV)*, ananela isexwayiso sakhe sangaphambilini " 'ningachithi igazi' " *(Gen. 37:22, NKJV),* aqinise ukuxhumana phakathi kwalokho ababhekene nako manje kanye nalokho ababekwenzile.

Iningi lethu, nembala, lizenzile izinto esizisolayo ngazo. Singenza kanjani, kangangokuba sinako, ukunxephezela ngalokho esikwenzileyo na? Futhi, kungani ukwamukela izithembiso zikaNkulunkulu zentethelelo ngoJesu kusemqoka kithina *(buka uRom. 5:7–11)* **na?**

_____

UJosefa no Benjamin

UJakobe wayengakwazi ukumane avume ukuhamba kuka-Benjamin, ukuphela kwendodana yakhe ku-Rachel eyayisele naye. Wayesaba ukuthi uzomswela, njengalokhu wayeswele uJosefa *(Gen. 43:6-8)*. Kungenxa yokungabikhona kokudla kuphela *(Gen. 43:2)* futhi nalapho u-Judah efunga ukubuya no-Benjamin *(Gen. 43:9)* lapho uJakobe ekugcineni evuma uhambo lwesibili lwaseGibhithe futhi evumela u-Benjamin ukuba ahambe nabafowabo.

Funda: uGenesisi 43. Mthelela muni ubukhona buka-Benjamin obaba nabo ekwenzekeni kwezinto na?

_____

_____

_____

Ubukhona buka-Benjamin bengamela izinto. Lapho bonke Abafowabo sebemi phambi kukaJosefa, u-Benjamin nguye yedwa obonwa ngoJosefa *(Gen. 43:16)*. U-Benjamin nguyena kuphela obizwa "mfowethu" *(Gen. 43:29, NKJV)*. Njengoba u-Benjamin ebizwa ngegama, bonke abanye Abafowabo ababalulwa; kubhekiswa kubona nje kuphela njenga "madoda" (*Gen. 43:16).*

UJosefa ubiza u-Benjamin " 'ndodana yami,' " njengesisho sesiqiniseko esethula uthando olukhethekile *(Gen. 43:29; qhathanisa no Gen. 22:8)*. Isibusiso sikaJosefa sibhekisa "emuseni" (*Gen. 43:29)*, isikhumbuzo sokuncenga kwakhe umusa, angawutholanga *(Gen. 42:21)*. UJosefa ubuyisela ku-Benjamin umusa angazange yena awuthole kubafowabo.

Ngenkathi Abafowabo bakaJosefa besabela ukuya ejele ngenxa yemali ebuyisiwe, uJosefa ubalungiselela idili ngenxa yobukhona buka-Benjamin. Kusengathi u-Benjamin unomthelela ohlengayo kulesisimo sonke. Lapho bonke Abafowabo sebehlezi phansi ngokulamana kwabo futhi kuhlonishwa imithetho yamazinga, ngu-Benjamin, omncane kunabo bonke, ophakelwa ngokuphindwe kahlanu kunabanye Abafowabo *(Gen. 43:33, 34)*. Kepha, lokhu kukhetha akubakhathazi, njengalokhu kwakunjalo ngenkathi uJosefa eyintandokazi kayise eminyakeni eminingi edlule, okwaholela kwizenzo zabo ezimbi ngakuye nakubaba wabo *(Gen. 37:3, 4)*.

Ngalesisenzo sokukhetha ngaku-Benjamin wayenethemba lokuhlola uma umfowabo omncane wayethathwa ngenzondo nomhawu owawukade ubhekiswe kuyena. Besacabanga ukuthi uJosefa akalwazi ulimi lwabo, Abafowabo bakhuluma ngokukhululeka komunye nomunye; ngalokho, wayenethuba elihle lokufunda imizwa yabo yangempela. Kodwa wayesafisa ukubahlola kabanzi, futhi ngaphambi kokuba bahambe wayaleza ukuba inkomishi yakhe yokuphuza yesiliva ifihlwe esakeni lomcane kunabo bonke."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 228, 229.

Indebe Yokubhula

Funda: uGenesisi 44. Kungani uJosefa afaka indebe yokubhula esakeni lika-Benjamin hhayi esakeni lomunye na?

_____

_____

Lendaba ihambisana neyandulelayo. Njengaphambilini, uJosefa unikeza imiyalelo eqondile; futhi, uyaphinda, ugcwalisa amasaka alamadoda ngokudla. Kulokhu, nokho, uJosefa anikeze umyalelo ongavamile, wokufaka indebe yakhe eyigugu esakeni lika-Benjami.

Izigameko, ngalokho, ziyaguquka. Njengalokhu ohambeni olwandulelayo, abafwabo babuyela eKanana ukuyolanda u-Benjamin, manje babuyela eGibhithe ukubhekana noJosefa. Njengalokhu esimweni esandulelayo bonke bathola okufana emasakeni abo, manje u-Benjamin uyakhethwa njengalowo onendebe kaJosefa. Ngokungalindelekile, u-Benjamin, njengesivakashi esiqavile owayefinyelela endebeni kaJosefa, manje unukwa futhi ubekwa icala ngokweba into eyigugu. Uzoya etilongweni.

Ukuthi uJosefa wayesebenzisa indebe yokubhula akusho ukuthi wayekholelwa emandleni ayo. UJosefa "wayengakaze abange amandla okubhula, kodwa wayezimisele ukubenza bakholwe ukuthi wayenkwazi ukufunda izimfihlo zezimpilo zabo." ."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 229.

Indebe yomlingo kuJosefa yayiyizaba zokuvusa ezezulu, ngalokho avuse ezinhliziyweni zabafowabo umuzwa wecala labo ngakuNkulunkulu. U-Judah uwuhumusha kanjalo umyalezo kaJosefa, ngoba ubhekisa kwisono uNkulunkulu asithole kubona *(Gen. 44:16)*. Futhi ukwebiwa kwendebe eyigugu kwakufanelwe yisijeziso esinqala kakhulu futhi ngalokho kuvivinyeke ukucabanga kwabafowabo.

Ukuqina kwemizwa yabafowabo kanye nendlela abaphendula ngayo kuyaphawuleka. Bonke bamunye ebulungwini obufanayo, besabela u-Benjamin, ozolahleka njengoJosefa, futhi njengaYe abeyisigqila eGibhithe nakuba, njengaYe, wayengenacala. Yingakho u-Judah ephakamisa ukuthi kube nguyena othathwayo njengesigqila "esikhundleni" sika-Benjamin *(Gen. 44:33)*, njengenqama enikelwe "esikhundleni" sikaIsaka ongenacala *(qhathanisa no Gen. 22:13)*. U-Judah uzethula njengomhlatshelo, omela, onhloso yawo kungeyokumelana nalobo "bubi" obuzobhuqa uyise *(Gen. 44:34)*.

Simiso sini sothando, esiboniswa yimpendulo ka-Judah, esigudla uhlelo lokumela na? Loluhlobo lothando luyichaza kanjani imfundiso yeBhayibheli yosindiso na? *(buka uRom. 5:8.)*

_____

“ ‘NginguJosefa Umfowenu’ ”

Funda: uGenesisi 45. Zifundo zini zothando, ukholo, nethemba zitholakala kulendaba na?

_____

_____

_____

Kungalomzuzu, ngenkathi u-Judah ekhuluma “ ‘ngobubi’ ” obabuzowela phezu kuka ’*avi*, “ ‘ubaba wami’ ” (*Gen. 44:34)*, lapho uJosefa “akhala” *(Gen. 45:1)* futhi “wazazisa” kubafowabo. Lesisisho, esivama ukusetshenziswa ekuzembuleni kukaNkulunkulu *(Eksod. 6:3, Ezek. 20:9)*, sincoma ukuthi nguNkulunkulu futhi owayezembula lapha, ngokunjalo. Okungukuthi, uJehovah wayebonise ukuthi ukuhlinzeka Kwakhe kuyabusa, nangaphandle kwamaphutha abantu.

Abafowabo bakaJosefa abayikholwa lento abayizwayo nabayibonayo. Ngalokho, uJosefa kumele ephindile, “ ‘NginguJosefa umfowenu’ ” *(Gen. 45:4, NKJV)*, kungokwesibili kuphela, lapho bezwisisa kahle amagama “ ‘lowo enamthengisela eGibhithe’ ” *(Gen. 45:4, NKJV)*, bekholwa khona.

UJosefa uyamemezela: “ ‘uNkulunkulu wangithuma’ ” *(Gen. 45:5, NKJV)*. Lokhu kubhekisa kuNkulunkulu kunezinhloso ezimbili. Kusebenza hhayi ekuqinisekiseni kuphela Abafowabo ngokuthi uJosefa akanamagqubu ngakubo; kungukuvuma okukhulu kokholo, futhi isisho sethemba, ngoba lokho abakwenza Kwakudingekile ukuze kube “ ‘nenkululeko enkulu’ ” kanye nokusinda “ ‘kwesizukulwane’ ” *(Gen. 45:7)*.

UJosefa abe esebagqugquzela Abafowabo ukuba baye kuyise ukuza bamlungiselele ukuza eGibhithe. Uhambisa amazwi akhe ngamagama aqondile mayelana nendawo “abazohlala,” kuyo, okuyi-Goshen, eyaziwa ngokunotha kwamadlelo ayo, “ ‘iyinhle kakhulu ezweni’ ” *(Gen. 45:18, 20, NKJV)*. Unakekela futhi into yokuhamba; izinqola ziyahlinzekwa, okuzogcina kuvumise uJakobe nalokho ababenamava ako *(Gen. 45:27)*. UJakobe Uthatha lesisibonakaliso njengobufakazi bokuthi uJosefa uyaphila, futhi lokhu kwanele kuye ukuba aphile futhi *(compare with Gen. 37:35, Gen. 44:29)*.

Izinto zinhle manje. Amadodana angu-12 kaJakobe ayaphila. UJakobe manje ubizwa ngo “Israyeli” *(Gen. 45:28)*, futhi ukuhlinzeka kukaNkulunkulu kubonakala ngendlela enamandla.

Yebo, uJosefa uyabonga kubafowabo. Kwakufanele akwazi. Sifunda kanjani, nokho, ukubonga kulabo ukusiphatha kabi kwabo kungabi nemiphumela emihle njengalokhu kwabanjalo kuJosefa na?

_____

Ukucabanga Kabanzi: Ellen G. White, "Joseph in Egypt," pp. 213–223; "Joseph and His Brothers," pp. 224-232 in *Patriarchs and Prophets*.

"Izinsuku ezintathu zokuboshwa kwakungezokuzisola kakhulu kumadodana kaJakobe. Bazindla ngobubi obudlule, ikakhulu inkohlakalo yabo kuJosefa. Babazi ukuthi uma betholwe benecala lokuba yizinhloli, babengeke babenobufakazi bokuzihlangula, Kwakuzomele bonke bafe, noma babeyizigqila. Babengabaza ukuthi ikhona imizamo noma ngubani kubo owangeyenza ukwenza ubaba wabo avume ukuba u-Benjami ahambe naye, ngemuva kokufa ngesihluku, ngokucabanga kwakhe, uJosefa abhekana nako. Bathengisa uJosefa njengesigqila, futhi basebesaba ukuthi uNkulunkulu wayehlele ukubajezisa ngokubenza izigqila. UJosefa ubona ukuthi uyise nemindeni yezizalwane zakhe, zihluphekela ukudla, futhi uqinisekile ukuthi Abafowabo baphendukile ekuphatheni kabi kwabo, nokuthi babengeke baphathe u-Benjamin ngendlela ababephathe yena ngayo."—Ellen G. White, *Spiritual Gifts*, book 3, pp. 155, 156.

"UJosefa wayenelisekile. Wayebavivinyile Abafowabo, futhi ebonile kubo izithelo zokuphenduka kweqiniso ezonweni zabo."—Ellen G. White, *Spiritual Gifts*, book 3, p. 165.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1 Eklasini, gxilani embuzweni osekupheleni kwesifundo sangoLwesine. Ngabe niyacabanga ukuthi uJosefa wayengaba nokubonga kubafowabo ukube izinto zazingabanga zinhle kuye na? Nembala, ngeke sazi ngokuqinisekile, kodwa yiziphi izimpawu, uma zikhona, kuyo yonke indaba kaJosefa ezembula kithi uhlobo lwesimilo ayenaso uJosefa, ezingasiza ekuchazeni ukubanomusa kwakhe na?

2 Yiziphi izindlela esingabona ngazo kuJosefa uhlobo olukhomba kuKristu nalokho uKristu adlula kukho na?

3 UJosefa wavivinya Abafowabo. Yiziphi izindlela ezifanayo uNkulunkulu asivivinya ngazo na?

4 Nasemuva kwayo yonke leyominyaka, Abafowabo basalibona icala labo kulokhu abakwenza kuJosefa. Lokhu kusifundisa ngamandla okuba necala na? Nakuba, futhi, singathethelelwa futhi samukele intethelelo kaNkulunkulu, sifunda kanjani ukuzithethelela, noma ngabe singayifanele leyontethelelo na?